

uBHEKI ZUNGU
*25.03.1953 - +24.05.2008

Le nsizwa esivalelisa kuyo namuhla, uBheki Marcia ZUNGU, iqeda ukuhlanganisa unyaka wamashumi amahlanu nanhlanu wobudala zolo lokhu.

uBheki Marcia ZUNGU wavela ngoMashi 25 ngo1953 - wavelela kwelaseVlayhede emzini wakwaBhanya ngezansana-nje komgwaqo oqondé eNgotshe, ethafeni eliphakathi kwezintaba iMpofini (eningizimu) neZungwini (enyakatho), buqanyana-nje negqunyanyana aMabululwane (empumalanga), phezu komhoshana uSkhovana owewukela ungenele emfuleni uBhanya. Yilapho-ke inkaba yakhe ikhona.

Unina kaBheki, uMaDlamini, wayekade ezibulé ngendodakazi, uNtombizethu (uZethu), ekuqaleni kukaSebthembu ngo1950. Yathi ivela-nje, yayedlula; saba sikhulu isililo.

Ukuzalwa kukaBheki ngo1953 kwaletha induduzo nentokozo, kwaphemba amathemba nezifiso ezintsha. Uyise kaBheki, umalumami, uElija ZUNGU, nonina, umalumekazi uMaDlamini, kwakuthi abandize. UGogo, ozala uElija oKaMhlungu, okunguyena owayephembe lesi siza okwakhiwe kuso kwaBhanya njengoba kuzalwa uBheki-nje, akabange esambona uBheki; weyesedlule - nje emva kokuhamba kukaZethu, uBheki engakaphushwa.

Mkhulu, uhloniphekile lo muzi wakwaZungu uBheki azalwa kuwo; ngumuzi omdala lapha eBaQulusini. UBheki uzalwa yizikhuthali, amanono, amagagu - abantu bakwaZungu abahle kakhulu: UMkhulu ozala uyise kaBheki nguMagquggumela ZUNGU, uFelaphakathi ngebutho, uGogo nguHluphekile waseMhlungwini eMahlabathi koAndeliyase, inyanga, eyayelapha kulo lonke elaseBaQulusini isuka oBivane, yedlulele kwaNgenetsheni ize iyoshaya eNkongolwane, lapho eyaphelela khona.

UMagquggumela-ke, umkhulu kaBheki, kwakungumnumzane owayefuyile, ebathathé bababahlanu abafazi - bamzalela ishumi nane lezintombi nezinsizwa - akhé omkhulu umuzi esizeni esidala sakwabo kwaBambelentulo, le kwelaseMakhwabi emathafeni aseMpethuka, ngaphesheyana-nje komfudlana iNgulana (lona namuhla osekwathiwa uBalladone), ngomgwaqo oqondé eDumbe, ethafeni eliphakathi kwezintaba iZunga [eZungwini], aMakhwabi, kwaMatshekazi naseTshenteka. UElija ozala uBheki uzalwé wakhulela lapho - kwaBambelentulo.

Yakhelene mithathu-ke le mizi yakwaZungu kwelaseMakhwabi:
KukwaBambelentulo, kwaMngani naseMeveni. Yimizi yezelamani; omdala kuzo nguVovo waseMeveni. Zizalwa yiqhawe lezi zinsizwa - uMlazana kaManzini wakwaZUNGU, isihlabani sempi yaseHlobani [eHlobane] nempi yaseNkambule okuthiwa sakwethula sikulanelanisa okungamasotsha amaNgisi emahhashini akho, kwalala ucaca eHlobani! UMLazana kaManzini kwasalela kuye inhlamvu yesibhamu engalweni engazange ikhishwe waze waguga nayo.

Kwathi esezigugele-nje uMlazana waphinde wamelana namasotsha amhlophe empini yamaBhunu namaNgisi eyayilwiwa nalapha kithi eBaQulusini kusuka ngo1899 kuya ku1902 kwamnyama phansi; agcina emsukelé phansi amasotsha amaBhunu amakhela uzungu, amzingela, amhlanganyela kwakhe emabaleni kwaBambelentulo,

amgunya, amnquma, ikhanda lakhe alichoma ogodweni esibayeni, amhlinza, amcuya, agxambukisela izitho zakhe enqolobaneni, azicwilisa emthonjeni - emanzini okuphuzwa wona nokuphilwa ngawo eNgulana, ashaqa yonke imfuyo, ashiya umuzi ushunqa - unya olungasoze lwakhohlakala emzabalazweni nasemlandweni welakithi. UMlazana kaManzini ozala uMagqugqumela ozala uElija ozala uBheki.

Lapha eBaQulusini abakwaZungu bafika ngezikhathi zombuso weNkosi uShaka ngeminyaka yo1820 besuka ezansi neMfolozi eMnyama kwelaseMahlabathini eMahenyen, bejutshwa nguMntwana uMnkabaya kaJama ukuzophemba ikhanda loMbuso wakwaZulu kuleli lasenhla. Ingani phela uMkhosana ZUNGU ozala uManzini ozala uMlazana, owaba yisethenjwa seNkosi uCetshwayo kaSenzangakhona, okwathi nalapho amaNgisi esewuzungezé aze agcina ewunqobile awuchitha uMbuso wakwaZulu ngo1879, ayibopha iNkosi, ayidingga, ayoyivalela ejele eKibhithawini - *yabe iphelekezelwa nguMkhosana kaZangwana* nakhona lapho iNkosi uCetshwayo, ukhokho wale nsizwa, uBheki ZUNGU, esiyiphelekezela namuhla: uBheki kaElija kaMagqugqumela kaMlazana kaManzini kaMkhosana kaZangwana wakwaZungu!

UmQulusi
 Inqaba k'tholwa
 Is'dind' somtshiki
 Othi ucashile
 Kant' uqulusile!

Leli elaseBaQulusini - elihle kakhulu - lapho izimpande zikaBheki zigxilé khona, bafika belandelana abamhlophe kulokhu kwasuka ngempi yaseNcome ngo1838 baphangelana ngalo ubuthaphuthaphu, baziklayela odadawane bamaplazi, kusuka eMzinyathi kuya oPhongolo, kwedlule eMkuze kuyoshaya eMfolozi - lonke leli lasenhla selaba ngamaplazi abamhlophe, abantu babaphendula izigqili zabo-nje - bakha amajele nezinkantolo namadolobha - iVlayhede, iTilehe, iDumbe, iNgoje - abaQulusi sebaphila ngokuzincengela-nje ilungelo lokukhosela! UElija ozala uBheki ebunganeni bakhe wayesexoxelwa njengenganekwane-nje ngobuhle nenala nomnotho oyisemkhulu abawuthola bawuthuthukisa kuleli lasenhla ngezikhathi zabo - kusadliwa ngoludala.

Kuchithwa umuzi wakwaBhanya-nje ngo1963 amaBhunu esidilizela imizi yethu esixosha esisakaza nezwe, eze eyosilahla kulolugwadule lwaseNkande, kwaGobinsimbi, namhla okuthiwa khona kuseMondlo, uBheki ZUNGU usengumfanyana-nje osazohlanganisa unyaka weshumi. IMondlo le uyazi ukusuka kwayo phansi uBheki; iMondlo le uBheki ukhulé nayo, iMondlo le ikhulé naye uBheki. Ifadalala naye futhi.

Zolo lokhu besizihlalele noMzala wethu uBheki nomkakhe uMaHadebe enxiweni likaGogo wethu uKaMhlungu kwaBhanya, sintelisana, sizibusela-nje singabazukulu bakaMagqugqumela - thina bakaMlazana, bakaMkhosana -, sikhumbuzana ezobungane, sesese. Kanti bese sivalelisana!?

Yinuku ukufa!

Baphi-nje oMaDlamini, oElija, oZethu, oMkhathi ... ? Namuhla sesishiywa nguBheki, uGwabini ebethi uma simhasha sithi

„Yishumi leziqhaza;
esikaleveni ngunyoko!“ ☺

USengwayo!
UNyamakayishi, isha ngabaBhebhezeli!
UNCwane ngankomo yaseMahenyeni!
UGeda!
UManzini!

Ndlela nhle
Gwabini!

[**>>iziThombe zethu | unser Fotoalbum**](#)

Dr. Ben Khumalo-Seegelken -
"KwaMachanca"
Alte Ziegelei 4
D-26197 HUNTLOSEN
eJalimane/Deutschland
www.benkhumalo-seegelken.de